



**agriculture
& rural development**

Department:
Agriculture and Rural Development
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

**INKULUMO KAMPHATHISWA WEZOLIMO NOKUTHUTHUKISWA
KWEMIPHAKATHI YASEMAKHAYA, UMNU. THEMBA MTHEMBU,
YOKWETHULA INKATHI YOKUTSHALA ZIKHATHI-ZONKE YONYAKA KA
2018**

INDAWO:

**EMFUNDENI SPORTSGROUND, KWAJALI, UMUZIWABANTU LOCAL
MUNICIPALITY**

USUKU:

23 OCTOBER 2018

Inkosi PHD Chiliza

Inkosi RS Shinga

Inkosi Z Jali

Inkosi BP Zungu

Inkosi MC Dlamini

Inkosi Xolo

Abaholi bendabuko abakhona

Khansela MA Chiliza

IziMeya zemiKhandlu yaseKhaya neyeziFunda

Osomlomo

AmaKhansela kanye namaLunga eziGungu eziHola oMasipala

**Amalunga esiGungu esiHola UmNyango kanye neThimba leziMenenja
kuwo UmNyango**

Izinhlaka zikaHulumeni

Izisebenzi zemiNyango kaHulumeni

AmaLunga aHola iziNhlangano zabaLimi

Abahleli

Ngiyanibingelela nonke

“Mesenze ezoLimo zibe yiSikompilo lethu”, lona ngumyalezo esifuna ukuwedlulisa ngalesi sikhathi sokuqalisa iNkathi yokuTshala ziKhathi-zonke. Sihlaba ikhwelo,

sibiza bonke abalimi abalimela ukuzondla ukuba bahlanganye kanye nathi kule nkathi yokutshala.

Inkathi yokutshala iyingxenye yemiphumela yokubuyekeza kabusha komhlahlandlela womNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya okwenziwe ngonyaka ka 2016 ngenhloso yokudlondlobalisa isigaba sabalimi abalimela ukuzondla kanye nohlelo lokwandisa umthamo wokudla kanye nomsoco. Igama elithi, "Inkathi yokutshala zikhathi-zonke" lisuselwa ezinkathini ezahlukenene zokutshala kwizindawo ezishisayo nezibandayo esiFundazweni sethu. Ngokubuyekeza umhlahlandlela wethu, kwabalula ukuba sikwazi ukuqhakambisa ukuphumelela kwesivuno ngokwezinkathi zokutshala. Lokhu kusiza ukuba sikwazi ukudlondlobalisa umsebenzi wabalimi siphinde sibesekele ngenhloso yokuthi bakhqize isivuno esihle zikhathi zonke.

Kulo nyaka thina singumNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya, sihlase ukutshala umhlaba ongamahektha angu 16 310 siphinde sidalele abantu abangu 500 amatoho emikhakheni eyehlukene kwezolimo okuzoba ngawabashayeli bogandaganda, abahlakuli kanye nabavuni. Ngalolu hlelo lweNkathi yokuTshala ziKhathi-zonke, sihlangoza ukwesekela abalimi abangu 10 230, iningi labo okuzoba ngabesifazane.

Kulo nyaka sethula ngokusemthethweni umsebenzi wokuqala ngaphansi kohlelo lweNkathi yokuTshala ziKhathi-zonke ozokwenziwa yipulazi lomphakathi elaziwa ngokuthi yiNaseni-Mkhoba, elinomhlaba ongamakhetha angu 70. Leli pulazi linamalunga amaningi angowobulili besifazane. Laba balimi batshala ummbila abawudayisela isigayo, Ingeli Mills, eseHarding besekuthi osalayo bawudayisele izimakethe zendawo.

Umbila uyisitshalo esibaluleke kakhulu ezweni lethu futhi esingumthombo wesakhamzimba esinikeza umdlandla (carbohydrates); usetshenziwa njengokudla kwansukuzonke, ungukudla kwemfuyo, kuhwetshwa ngawo namazwe angaphandle kanti futhi ungumgogodla, ikakhulukazi, ezindaweni zasemakhaya.

NjengomNyango sifuna ukuqhelelana kude nokugxila ekuqhakambiseni ummbila nobhontshisi kuphela njengezitshalo ezivelele ngesikhathi sokutshala. Sifuna ukwengeza kwisibalo izitshalo ezifana namazambane kanye namantongomane.

Ngale Nkathi yokuTshala ziKhathi-zonke, UmNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya uzokwesekela abalimi abalimela ukuzondla kanye nalabo abasafufusa abanenhloso yokuhweba. Sizosebenzisa izindlela ezimbili

sokwesekela abalimi eziFundeni okubalwa kuyo uhlelo lokubalimela ngogandaganda bomNyango kanye nokokubalimela nokubatshelela kusetshenziswa osonkontileka.

Yize uhlelo lwemishini yokulima lube nemiphumela emihle lwaphinde lwaba nomthelela obonakalayo ekuthuthukisweni komkhiqizo omuhle KwaZulu Natali, kumele sisho ukuthi luphinde lwaba nezingqinamba ezifana nokwesweleka kwamakhono obuchwepheshe, ukusweleka kwezikhungo zokuqeqesha, ukungabi nendlela ehlelekile yokuhlinzeka abalimi ngosizo lwemishini yokulima kanye nenkinga yokwephuka kogandaganda kanye namageja.

Balimi, sizizwile izicelo zenu ezimayela nezingqinamba enibhekana nazo uma kuziwa ekuhlinzekweni kwenu kwemishini yokulima. Sesiqalile ukuzilungisa izinkinga ngethemba lokuthi sizothola isixazululo esizoqeda lezi zinkinga. Yingakho-ke sizosebenza phezu kweqhinga lokuhlinzeka imishini elizosilekelela ukuba sisabalalise imbewu kanye nezinye izinsiza ezihambisana nalo.

Yize UmNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya waqalisa ngonyaka ka 2015 ukubeka isisekelo sokusebenzisana ndawonye nezinhlangothi ezingamele imikhiqizo eyehlukene nenghloso yokuletha ukuguquko kuzo kanye nokuthi zandise umkhiqizo ube sezingeni lokuhweba, ngisenombono wokuthi usemningi umsebenzi okusamele wenziwe ngokubambisana. Ngibona ukuthi ukuqiniswa kwamaxhama obudlelwano kusamele kube seqhulwini.

Bakwethu,

Amaxhama obudlelwano aqinile phakathi kwethu nezinhlangothi ezingamele imikhiqizo kungaqinisekisa ukuthi siba nomhlahlandlela ocacile wokusungula futhi sithuthukise uhlelo lokuguqulwa kwemikhiqizo yezolimo kanye nokusungulwa kwezimboni zezolimo ezehlukene KwaZulu Natali. Lo mhlahlandlela uzosihlinzeka ngobuchule bokwesekela abalimi abasafufusa abanenhloso yokuhweba kanye nalabo balimi abamnyama asebesezingeni lokuhweba ukuba bafinyelele esicongweni. Lokhu kuzokwenziwa ngokubambisana nangokuzinikela oguqukweni kanye nasekuthuthukisaneni kuyo yonke imikhakha yokuguqulwa kwemikhiqizo yezolimo futhi sikwenze sinenhloso yokuthola izisombululo ezizohlala isikhathi eside.

UmNyango wami uzosebenzisa ulwazi esiluthole ezingxoxweni eziqhubekayo phakathi kwethu kanye nani njengabalimi futhi ngokubambisana nezinhlangothi ezingamele imikhiqizo. UmNyango uzogxila kulawo mathuba azosihlomulisa

sonke embonini uphinde usebenzise izibonelo ezizosiholela embonini yezolimo enezimo ezisigculisayo.

Ngokubambisana singathola izisombululo zezingqinamba ezibhekene ngqo nabalimi abasafufusa abanenhloso yokuhweba ezimayelana nezimakethe kanye namathuba okuhlomula kuzo zonke izigaba zemboni zokuguqulwa kwemikhiqizo yezolimo.

Singakwazi futhi kumele ngokubambisana sakhe amasu okumelana nokuguquka kwesimo sezulu ikakhulukazi amasu okuthuthukisa umkhiqizo nenzuzo, ukulawula isomiso, ukusebenzisa amanzi ngobuchule, ukuvikela okutshaliwe ngokulawula ukhula, izinambuzane kanye nezifo.

Ngiyazi ukuthi sikhona isifiso kwesibambisene nabo sokuzibophezela oguqukweni lwangempela, ekuzibophezeleni ekudaleni amathuba ahlomulisa intsha nabesifazane kanye nasekubeni nezingxoxo ezinohlonze nazo zonke izinhloka ezithintekayo kuzo zonke izigaba zemboni zokuguqulwa kwemikhiqizo yezolimo ezihlanganisa abahlinzeki bezidingo, abaguquli bemikhiqizo kanye nabahwebi.

Khona maduze nje ngizomemezela umhlangano ozobandakanya zonke izinhlangano ezongamele imikhiqizo ngenhloso yokuba sizoxoxisana njengabalingani abasembonini eyodwa. Kulo mhlangano, sizoqinisa ubudlelwano esinabo, sizobheka amanye amathuba amasha obudlelwano esingaba nawo siphinde sihlele ndawonye umhlahlandlela ozosiyisa ekusaseni lemboni yezolimo elingcono.

Njengoba kwamenyezelwa ekuqaleni kwalo nyaka ngenkathi kwethulwa isabelozimali, ngifuna ukuphinda ngigcizelele ukuthi sesiqalile ukwethula uhlelo esilubiza nge Big Five Projects. Lolu hlelo luzobeka eqhulwini ukubiya, ukubhotshozwa kwamapitsi, amadlelo, ukumbiwa nokuvuselelwa kwamadamu kanye namadiphu.

Sengiphetha, uhlelo lweNkathi yokuTshala ziKhathi-zonke esiluqalisa kule nyanga lungolunye lwezinsuku ezibaluleke kakhulu kwikhalenda lezoLimo kanye nelikaHulumeni. Okubi nengingakuphawula ngalokhu, ukuthi uhlelo esilulandelayo okwamanje lusasenza sisalele emuva futhi sehluleke ukufezekisa izinjongo zethu zohlelo lweNkathi yokuTshala ziKhathi-zonke, kepha sinethemba ukuthi le ngqinamba sizoyinqoba khona maduze uma sesethula isu eliyiNgqikithi yezoLimo KwaZulu Natali (Agricultural Masterplan) kanye noHlaka lwabeLuleki bezoLimo okuzoba yilo elizoxilonga zonke izindaba ezimayelana nezolimo. IKwaZulu Natali iyisiFundazwe esinamanzi amaningi uma iqhathaniswa nezinye eNingizimu Afrika

kanti futhi inomhlaba omningi wokulima ovundile kunezinye iziFundazwe. Lesi siFundazwe sizihola phambili zonke iziFundazwe ngemikhiqizo ehlukeneyezolimo ngakhoke-ke kumele siwasebenzise ngendlela esihlomulisayo lawa mathuba esiwahlinzekwa yisiFundazwe sethu.

NjengomNyango, sisebenza ubusuku nemini ukuxazulula zonke izinkinga ezidale ukuba izinhlelo zenkathi yokutshala zibambezeleke. Sinxusa bonke abathintekayo ezigabeni ezahlukeneyembonini yezolimo ukuba basebenzisane nathi ekuvikeleni isithunzi somNyango ukuba singasetshenziswa njengenhlekisa ngosomathuba kwezombangazwe nakwezebhini. Sihlangabezane nezingqinamba ezinkulu ekulwisaneni nemikhuba yenkohlakalo kanye nokuthunjwa komNyango nosekuholele ekutheni ukulethwa kwezidingo ngendlela ehlelekile kuphazamiseke, ikhakhulukazi izidingo ezimayelana nenkathi yokutshala. Lokhu kuzonicacisela ukuthi kungani sizithole sihlaseleka ngemibiko ebihlelwe ngabathile ndawana thize ngenhloso yokuthunaza isithunzi iphinde iphendule imisebenzi yomNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya ibe yimfeketho.

Emasontweni ambalwa ezayo, sizosabalalisa imininingwane yokuxhumana yawo wonke amahhovisi ethu alapha esiFundazweni. Sinxusa imiphakathi ukuba ixhumane namahhovisi ezolimo eziFunda kanye nalawo angaphansi komasipala basemakhaya ukuze ithole usizo mayelana nezidingo zayo zokutshala.

Loku kwethulwa kweNkathi yokuTshala ziKhathi-zonke kuyisiqalo-nje, sizovakashela zonke iziFunda esiFundazweni sethu siyoqalisa lolu hlelo lweNkathi yokuTshala ziKhathi-zonke. Yingakho-ke sihlaba umkhosi, sibiza bonke abalimi ngaleNkathi yokuTshala ziKhathi-zonke sithi, "Lethwese ihlobo, Phezu Komkhono! Masithathe amageja ethu siye emasimini.

Ngiyabonga.